

Bekuwusuku olushisayo olumnandi ehlobo ntambama. Esontweni endawo eMakhaya, Kwazulu-Natal.

UThando nabangane bakhe ababili, uBuyi noSiza bagubha usuku lukaKhisimusi.

Bazobuka imidlalo emibili bese bedlala i-netbal kanye neminye imidlalo namanye amantomazane.



UJesu Kristu wazalwa ngosuku lukaKhisimusi. Abafana namantombazane bazokwenza umdlalo. Balingisa ukuzalwa kukaJesu Kristu. Bagqoka izingubo zasesiteji. Ezilungele umdlalo.



“Asiye esontweni mantombazane, siyobuka imidlalo, sidlale ne net-ball. Amanye amantombazane asilindile,” kusho uThandi kubangane bakhe. “Umama ungithengele ingubo enhle ebomvu, izicathulo ezimhlophe kanye neribhoni elibomvu ukuze ngibophe izinwele zami.” UThandi utshela abangani bakhe, futhi ujabule kakhulu.



“Buyi, umama wakho ukuthengele-ini?” Kubuza uThandi ehleka.

“Hheyi! Umama ungithengele ingubo enhle ephuzi nezicathulo ezimhlophe,” kusho uBuyi ngenjabulo. Ngijabulile kakhulu ukuthi umama ungithengele izigubo ezinhle.

Ngiyamthanda umama wami naye uyangithanda.

“Siza, kungani ugqoke izimpahla ezindala?” Kubuza uThandi.


“Ngabe umama wakho akakuthengelanga izingubo ezintsha ezinhle?” kuqhubeka uThandi.

“Haa! Ngingakhala uma umama engangithengeli ezingubo ezintsha nezinhle.” Kusho uThandi ebukeka edabukile.



"Ungakhali Siza." Kusho uThandi emduduza.
"Umama wakho uzokuthengela izingubo ezinhle ngonyaka ozayo."
"Nawe uzojabula futhi ujabulele usuku lukaKhisimusi njengathi."
"Akunjalo Siza?"





“Umama ungithengele isikhwama esihle sesikole sezincwadi zami.
Ungithengele nezicathulo zesikole ezinhle.
Ngijabulekakhulu. Ngiyamthanda kakhulu umama,” kusho uThandi ebuka uSiza amamatheka ejabule.

Usuku lukaKhisimusi usuku oluhle noluthandekayo. Wonke umuntu uyaluthanda usuku lukaKhisimusi ngoba luwusuku oluhle. Usuku lapho uJesu Kristu azalwa ngalo.
Lolu suku lubalulekile kakhulu, futhi sihlala sidla ukudla okukhetekile okuningi.



Yebo! Nakhu siza esontweni. Sizodla ukudla okumnandi, amaswidi, amabhisikidi nekhekhe. Sizodlala imidlalo kanye ne netball namanye amantombazane. Kuzoba kuhle, futhi sizojabula.



Bhekani mantombazane! Bhekani isihlahla sikaKhisimusi. Sihle kakhulu. Sinamabhaluni agqamile! Bhekani! Izethulo zimbozwe ngamaphepha akhanyayo futhi zilenga esihlahleni. Heyi, ngifisa sengathi singathola izipho komama bethu.

“Wozani nibheke isipho sami samanje. Kungumakhalekhukhwini.” Ngizoshayela umama wami, uSizwe noFuthi ucingo, kusho uBuyi ngenjabulo.

Siza, sikhombise isipho sakho, uthole ini?

“Hawu! Ngithole unodoli okhulumayo futhi ohlekayo aphinde abale kuze kufike kumashumi amahlanu.”

Sitshele, uthole ini Thandi?
Ngithole iphakethe lamabhisikidi.
UThandi uzwakele edumele.
Ngifisa ukuthi nami ngithole isipho esihle.
Ngithanda udoli okhulumayo nohlekayo.



Sizokudla ukudla okumnandi njengekhekhe,
i-custard namasaladi.
Sizodlala imidlalo kanye ne net-ball.
Mmm, usuku lukaKhisimui lumnandi kakhulu
ngoba sidla ukudla okumnandi.
Omama bethu basithengela izimpahla ezinhle
esizozigqoka ngosuku lukaKhisimusi

"Uma ngifika ekhaya, ngizoshayela uSizwe noFuthi ucingo," kusho uBuyi emamatheka.
"Uma ngifika ekhaya, ngizodlala nodoli wami," kusho uSiza naye emamatheka.
"Uma ngifika ekhaya, ngizodla amabhisikidi ami, kuso uThandi ezizwa edabukile.
Nokho unethemba lokuthi, unyaka ozayo, uzoba unyaka wakhe njengabanye.



Siyabathanda omama bethu. UThandi uthanda umama wakhe; name ngiyamthanda futhi owami; noSiza naye uyamthanda umama wakhe. Omama bethu bayasithanda ngoba basithengele izingubo nezipho ezinhle. Basiphekela ukudla okumnandi. Ngonyaka ozayo, sonke kumele sigqoke izingubo ezintsha futhi, sibe nezipho eziningi esingabelana ngazo.



Kuhle kakhulu ngosuku lukaKhisimusi.
Wonke umuntu uyalujabulela lolu suku ngoba,
ukuzalwa kukaJesu Kristu.



